ISIKHATHI SIDLIWE YINJA KUBAQASHI UKUBA BATHUMELE AMAPHEPHA NEZINKOKHELO KWA-SARS

Pretoria, 15 May 2020 – UPhiko lweMali eNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lufisa ukukhumbuza abaqashi ngesibophezelo sabo ngokomthetho sokuthumela ulwazi lwezisebenzi ezisohlwini lwabaholelwayo kwa-SARS mhla noma ngaphambi kosuku olungumnqamulajuqu ngeSonto mhla zingama-31 kuNhlaba 2020. Abaqashi abathobela ngokugcwele, benza kube lula kuzisebenzi zabo ukuba zifeze izibophezelo zazo zentela yomuntu ngamunye.

Lesi sikhathi esaziwa ngesiKhathi sokuHlanganisa amaBhuku oMqashi oNyaka i-*Employer Annual Reconciliation Period*, isikhathi sokubuyisa amaphepha nokwenza izinkokhelo sabaqashi esizoba yingxenye eyodwa, engenazihibe yesiKhathi sokuBuyisa amaPhepha sango-2020 lapho izisebenzi ezifanelekayo, abanye abakhokhintela kanye namaqomangcebo bezokwazi ukubuyisa amaphepha abo entelangeniso, uma kudingeka, ekuhambeni kwesikhathi onyakeni.

Imininingo okumele ithunyelwe ungakafiki noma ngawo umhla zingama-31 kuNhlaba 2020 kumele kube yimininingo yesikhathi samathransekushini asukela mhla lu-1 kuNdasa 2019 kuya kumhla zingama-29 kuNhlolanja 2020, kuhambisane namaphepha athunyelwe okuDalula koMqashi kwaNyanga zonke i-*Monthly Employer Declarations*, izinkokhelo ezenziwe kanjalo nama-IRP5/IT3(a)s agcwalisiwe.

Loluhla lwamagama abaholelwayo lubaluleke kakhulu kwa-SARS. Okokuqala, lulandisa ngamanani ahlanganisiwe entela ebanjwe umqashi emiholweni etheliswayo yezisebenzi ngasinye. Okwesibili, lukhombisa inani lentela umqashi ayikhokhile kwa-SARS egameni lesisebenzi. Luphinde lubhale nezinye izimali umqashi azikhokhela isisebenzi njengengxenye yemihlomulo yomholo.

Inqubo yokuHlanganiswa kwamabhuku i-Employer Annual Reconciliation yisinyathelo sokuqala esibalulekile enqubweni ebanzi yokuhlanganiswa kwamabhuku entelangeniso. Inqubo yokuHlanganiswa kwamabhuku i-Employer Annual Reconciliation, yenza abakwa-SARS bakwazi ukukhipha amaphepha entelangeniso kubakhokhintela asebevele beyigcwalisile imininingwane esohlwini lwabaholelwayo. Lokhu, ndawonye nolwazi oluvela kwabanye abaletha ulwazi egameni lomuntu, kwenza kube lula kubantu ukuba bafeze izibophezelo zabo zentelangeniso.

Abakwa-SARS bazinilele ukuqinisekisa ukuthi izinga lokuthobela kubaqashi kulesi sikhathi sokuBuyiswa kwamaPhepha eNtela sango-2020 liyanyuka. Izinkampani ezihluleka ukuthumela imininingo yohlu lwabaholelwayo lubhekana nezinhlawulo zokuthumela emva kwesikhathi ezingafinyelela ku-10% wenani lwalelo hlu lwabaholelwayo.

Sifisa ukuqhakambisa ukuthi ngalesi sikhathi se-Covid-19, kubaluleke ukwedlula ukuthi wonke umkhokhintela athobele imigomo yentela. Iminikelo yentela ilekelela uHulumeni ekuhlinzekeni ngezinto nosizo olubalulekile emphakathini waseNingizimu Afrika, uqashe labo abangamaqhawe abalekelela ngokuhlinzeka ezempilo okubalulekile, usizo lwenhlalakahle nezidingo zomphakathi, kanjalo nokukhokhela izibonelelo emphakathini odingayo. Abakwa-SARS bazokwazi ukukhokha izimali ezibuyiswayo emabhizinisini athwele kanzima kanjalo nabantu abathwele kanzima, kanjalo nokuhlinzeka ngokwehlisa umthwalo wentela ukuze kuhlangulwe amabhizinisi nemisebenzi.

Siyababonga kakhulu abaqashi abathobelayo asebeyithumelile imininingo edingekayo, benza nezinkokhelo ezifanelekile. Sinxusa bonke abaqashi abangakafezi izibophezelo zabo ukuba benze kanjalo, kusenesikhathi.

Ngemininingwane eyengeziwe ngenqubo ye-PAYE nezindlela zokulekelela ekwehliseni intela, abaqashi bangavakashela ikhasi le-PAYE kusizindalwazi sakwa-SARS: www.sars.gov.za